
**NguMongameli**
**Dieter F. Uchtdorf**
Ikhansela Lesibili
KubuMongameli Bokuqala



# Singambona uKrestu?

Ngobunye ubusuku umkhulu wayefunda indaba kumzukulu wakhe oneminyaka emine ngenkathi ebheka phezulu wabe esethi, "Mkhulu, bheka izinkanyezi!" Indoda endala yamoyizela ngomusa yabe isithi, "Singaphakathi, sithandwa. Azikho izinkanyezi lapha." Kepha ingane yaphikelela, "Unezinkanyezi ekamelweni lakho! Bheka!"

Umkhulu wabheka phezulu futhi ,ngokumangala, wabona ukuthi isilingi yayifafazwe ngokumenyezela kwenkazimulo. Yayingabonakali ngasosonke isikhathi, kepha ngenkathi ukukhanya kushaya ukumenyezela ngandlela thize, ngempela yabonakala ifana nebala lezinkanyezi. Kwathatha amehlo engane ukubona azibone, kepha bezihleli zikhona. Futhi kusukela ngalesosikhathi, ngenkathi umkhulu engena ekamelweni leli wabe esebheka phezulu, wayekwazi ukubona lokho abengakwazi ukukubona ngaphambilini.

Singena esikhathi esimnandi sikaKhisimusi esigcwele umculo namalambu, imicimbi kanye nezipho. Kepha kubobonke abantu, thina njengamalungu ebandla elithwele igama loMsindisi kumele sibheke ngapesheya kwezinto zalesikhathi sonyaka futhi sibone iqiniso elizothile kanye nobuhle balesisikhathi sonyaka.

Ngiyacabanga ukuthi bangakhi eBhethlehema ebebazi ukuthi khona lapho, eduzane nabo, uMsindisi wayezelwe khona? Indodana kaNkulunkulu, uMesiya owayelindelwe isikhathi eside—Wayephakathi kwabo!

Usakhumbula ukuthi ingilosi yathini kubelusi? "Kuwena namuhla kuzelwe edolobheni likaDavide uMsindisi, onguKrestu iNkosi." Futhi bakhuluma bodwa bathi, "Masihambe manje siye eBhethlehema, futhi sibone lento eyenzekileyo" (uLuka 2:11, 15).

Njengabelusi bakudala, sidinga ukusho ezinhliziyweni zethu, "Akesibone leyonto eyenzekileyo." Sidinga ukuyifisa ezinhliziyweni zethu. Makesibone loyo Ongcwele wakwaIsrayeli emkhombeni, ethempelini, entabeni, futhi nasesiphambanweni. Njengabelusi, make sinike inkazimulo futhi sidumise uNkulunkulu ngalezindaba ezimnandi kakhulu!

Ngesinye isikhathi izinto ezinzima kakhulu ukuzibona yilezo ezihlala ziphambi kwethu ngaso sonke isikhathi. Njengomkhulu owehluleka ukubona izinkanyezi phezulu esilingini, ngesinye isikhathi ngeke sibone lokho okusobala.

Thina esiwuzwile umlayezo odumileyo wokuza kweNdodana kaNkulunkulu, thina esithathe igama Lakhe futhi safunga ukuthi sizohamba endleleni Yakhe njengabafundi Bakhe—akufanele sihluleke ukuvula izinhliziyo kanye nezingqondo zethu futhi simbone Yena ngokweqiniso.

Isikhathi sikaKhisimuzi sihle kakhulu ngezindlela eziningi. Yisikhathi sokwenza ngothando izenzo zokulunga futhi sithande abafowethu. Yisikhathi sokuba sizihlaziye kakhulu ngezimpilo zethu kanye nezibusiso eziningi esinazo. Yisikhathi sokuxolela futhi uxolelwe. Yisikhathi sokujabulela umculo kanye namalambu,

imicimbi kanye nezipho. Kepha ubukhazikhazi balesikhathi akufanele busenze singaboni kahle noma kusivimbe ukuba sibone ngokweqiniso iNkosana Yoxolo ebukhosini Bayo.

Sonke masenze lonyaka kube yisikhathi sokugubha umkhosi wenjabulo, isikhathi lapho sivuma isimangaliso sokuthi uNkulunkulu omkhulu wathumela iNdodana Yakhe ezelwe yodwa, uJesu Krestu, ukuba asindise umhlaba wonke jikelele.

---

**IMICABANGO YOKUFUNDISA KULOMLAYEZO**

1. "Imisebenzi yokuqaphela ingasetshenziswa ukwenza ube nothando futhi usize abafundi babhekane nesihloko sesifundo. . . . Izithombe zingamathuluzi awusizo mayelana nokungezelela umbono obalulekile wesifundo futhi usize abafundi ukuba bahlale beqhaphile" (*Teaching, No Greater Call* [1999],160, 176). Njengoba uqala ukwabelana ngalomlayezo, bheka izindlela zokusebenzisa umsebenzi wokuqaphela njengokubonisa isithombe noma ukwabelana ngombhalo ongcwele futhi kubuzwe umndeni ukuthi ucabange izindlela zokusebenzisa lomlayezo.

2. "Isifiso sakho esibalulekile kakhulu ngesokuthi ukwazi ukusiza abanye ukuba basebenzise umthetho wevangeli ngazozonke izikhathi. . . . Siza abafundi ukuba bathole izibusiso ezizayo uma siphila ivangeli" (*Teaching, No Greater Call,* 159). Emva kokwabelana ngalomlayezo, cabanga ngokumema amalungu omndeni ukuba babelane ngalokho okwenzeke kubo njengoba babhekane noMsindisi ngesikhathi sikaKhisimuzi.

## INTSHA

### Ukhisimuzi wababfundisi beNkolo

**Ngu Loran Cook**

Ngenkathi ngigubha uKhisimuzi wami wesibili njengomfundisi wenkolo ophelele, umsizi wami kanye nami savakashela maduzane nje ilungu ebeliqeda kubhabhadiswa kanye nomndeni walo. Emva kwesidlo santambama ngoKhisimuzi, sabelana nabo ngomlayezo kaKhisimuzi.

Sacela umndeni ukuba udwebe izithombe ezibakhumbuza ngezinto zalesikhathi, njengezinkanyezi, izipho, imidlalo yokuzalwa kweNkosi, kanye nezihlahla zikaKhisimuzi. Sabesesifunda izifundo ezingcwele, kanye 2 Nifayi 19:6: "Ngokuba kuzalwe umtwana, kithina indodana izelwe; futhi uhulumeni uzakuba semahlombe akhe; futhi igama lakhe liyakubizwa ngokuthi, Isimangaliso, Umeluleki, Unkulunkulu Ophakemeyo, Ubaba Waphakade, iNkosana yokuThula." Sacula "Once in Royal David's City" (*Amaculo,* no. 205), sabukela isithombe sebhayisikobhu mayelana Nokuzalwa, futhi sabeka ubufakazi ngoJesu Krestu.

BekunguKhisimuzi esimeni esidelelekile, kude nemindeni yethu futhi noKhisimuzi ogujwa ngokujwayelekile, kepha njengoba sibeka ubufakazi ngomsindisi, ngezwa ngiba nothando olujulile nokuncoma Yena kanye nokuzalwa Kwakhe njengokwazi kwami ngaphambili. Ngibonile ukuthi kuzokuba nguKhisimuzi wami wokugcina ekusebenzeni njengomfundisi wezenkolo ophelele kuBaba wami waseZulwini, kepha ngiyengaqonda ukuthi uMoya Wakhe ungafakaza kimi ngeNdodana Yakhe nanoma bengikuphi.

## IZINGANE

### Ukubheka ukubona uMsindisi

UMongameli uUchtdorf wathi ngesikhathi sikaKhisimuzi kufanele sibheke izinto ezizosikhumbuza ngempilo yoMsindisi. Bheka encwadini engcwele ngokuphathelene ngezansi ukuze ufunde ngezinye yezehlakalo ezibalulekile empilweni Yakhe.

uMatewu 2:1–2
uLuka 2:46
uMatewu 15:32–38
uLuka 8:49–55
uLuka 23:33–46
uJohane 20:19–20

© 2010 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. amalungelo agciniwe. Ubhalwe eUSA. Isingisi esivunyelwe: 6/09. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/09. Ukuhumusha *First Presidency Message, December 2010.* Zulu. 09372 783

# Umsebenzi wethu Ukwabelana eThempelini kanye nomsebenzi ngoMlando woMndeni

**Ukholo • Umndeni • Inkululeko**

*Funda lomlayezo futhi ngokufanelekile, xoxa ngayo nalabo dade obavakashele. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlangano Yomame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile yempilo yakho.*

Ngaphezu kweminyaka eyikhulu abantu abaningi bafa ngaphandle kolwazi levangeli. Abanye balaba bantu yizihlobo eziseduzane nawe futhi nezikude. Bakulindile wena ukuthi wenze ucwaningo uhlanganise imindeni yakho ndawonye bese wenza izimiselo ezingcwele wenzele bona.

Amathempeli amaningi emhlabeni awekho matasatasa ngokwanele. INkosi isithembisile ukuthi izinhliziyo zenu ziyophendukela koyise ukuze umhlaba ungabi nokumosheka ngempela ngenkathi eza Yena (bona D&C 2:2–3).

Kukhona izibusiso zomuntu eyedwa ozithola ngenxa yokuba uthathe inxenye ethempelini nasemsebenzini womlando womndeni. Ezinye yazo ukuthola injabulo njengoba usebenzela abakini abangasekho. Ezinye futhi wukuthi uyakwazi ukuba nelungelo lokuthola incwajana yokuba yilunga lethempeli, okukhomba ukuthi ufanelekile ukuba phambi kweNkosi Labo abangalungile namuhla ngokuzuza ithuba lokuthola imvume kumele basebenze nobhishobhu noma umongameli wegatsha ukuze bathole imvume yokuzuza ngokushesha okukhulu. Ngiyakuncenga musa ukuhlala ungenayo lemvume ebalulekile kangaka. Ngibeka ubufakazi bami ukuthi Ukuhlawulelwa kuyiqiniso nokuthi izono zingaxolelwa uma uguquka ngokufanele.

Njengoba sithatha ingxenye ethempelini kanye nasemsebenzi womlando womndeni, sinethemba lokuba noMoya Ongcwele uzosiduduza thina kwinselele yethu futhi usikhombise indlela uma sithatha izinqumo ezibalulekile. Umsebenzi weThempeli kanye nomlando ngomndeni kuyingxenye yomsebenzi wokunika ukukhululeka, noma indlela yokusiza, abangasekho bethu.

***uJulie B. Beck, uMongameli Jikelele Wabesimame Benhlangano Yenkululeko.***

## *Ezincwadini Ezingcwele*

uMakakhi 4:5–6; 1 abaseKhorinte 15:29; 1 uPeter 3:18–19; D&C 110:13–16; 128:24

## *Kuvela Emlandweni Wethu*

"Umprofethi uJoseph Smith wathi, 'Umsebenzi omkhulukazi kulomhlaba lowo uNkulunkulu asinikeze wona ngukufuna labo bethu abangasekho (*Umlando Webandla,* 6:313). Kusukela ekuqaleni, Inhlangano Yomame Ekhululekileyo iyeyaxhasa lomsebenzi omkhulu kangaka. eNauvoo ngo1842, isifiso sikaSarah M. Kimball sokusiza izisebenzi ezakha ithempeli sasungula ukuba ahlanganise idlanzana lodade ukuba basebenze ngandlela thize ezakuba ngusizo olukhulu. Ngenkathi beqala ukuhlangana, uMprofethi . . . wahlanganisa Inhlangano Yomame Ekhululekileyo yokuqala emva kwephethini yobupristi. Kusukela ngalesosikhathi, Inhlangano Yomame Ekhululekileyo yasiza ukuqhubekisa umsebenzi Ethempelini laseNauvoo. . . .

"Ngo 1855, emva kweminyaka eyisishagalombili abaNgcwele bafika okokuqala eUtah, Indlu yokuthola Izibusiso Zasethempelini yasungulwa. uEliza R. Snow, owayekade engomunye welunga lokuqala Lenhlangano Yomame Ekhululekileyo futhi wayegcine amarekhodi enhlangano leyo, wabizwa ngumongameli uBrigham Young ngo1866 ukuba abe ngumongameli jikele Wenhlangano Yomame Ekhululekileyo. Yena nabenye odade babengabasenzi abanokholo Endlini yokuthola Izibusiso Zasethempelini. Kwase, njengamaThempeli iSt. George, Logan, kanye neManti esephelile, labo dade bahamba baya ethempeli ngalinye ngalinye ukuze benze imisebenzi yabangasekho lapho."[1]

**AMANOTHI**

1. uMary Ellen Smoot, "Umlando Womndeni: Umsebenzi Wothando," *Ensign,* Mar. 1999, 15.

***Ngingenzenjani?***

**1.** Ngingabasiza kanjani odade bami ukuba bacwaninge ngabantu abangasekho ukuze benze umsebenzi wabo ethempelini? Cabanga izehlakalo zabodade ngamunye ngamunye ngenkathi ucabanga ngokuhlangabezana nezedingo zabo. Ungahle ucabange ukuthi umlando womndeni ungahle uqinise amalungu kabusha, abuyile, kanye nalawo angasezi kahle eBandleni.

**2.** Kunini lapho ithempeli kanye nomsebenzi womlando womndeni ungiduduza mina ngenkathi sezivivinyo noma kwangiholela kwizinqumo ezibalulekile?

Uma udinga ulwazi olunye, iya ku www.reliefsociety.lds.org.

© 2010 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Ubhalwe eUSA. Isingisi esivunyelwe: 6/09. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/09.
Ukuhumusha *Visiting Teaching Message, December 2010.* Zulu. 09372 783